

Data about Bomvuini Tribe, Msinga

K13/158

E.B.M. Madondo

1/18

s571(2)

K13/158

1.

1b

Umsuka.

Ukuze ngibe namandla okubala zonke lezizinto ngisizwe ixhegu lakithi elidala uNkonyane Ngubane. Ibuthe lakhe ubikhathazwe. Nxa ebekisisa ngokuzalwa kwakhe kungenkathi uDingane ebusa ngo6a kungaso lesikhathi lapho uZombane inkosi yaMa6omvu yawela uThukela ixoshwa uDingane. uMpande uthe engena ebukhosini wayesegebungwana eseliqatha.

Sekunguyena kuphela ezweni laseMa6omvini ebuthweni lo Mkhathazwe sebafa baphela nya, naye akasaboni futhi akasakwazi nokusukuma, useyathathwa. Kodwa u6ukeka ephatheke kahle kakhulu ngo6a ukhuluphele nje.

2.

Izintaba zaseMa6omvini.

1. Umsinga unezintaba eziningi kuwona phezulu nazike ezinkulu zazo:

- | | |
|----------------|------------------|
| (a) Inyonyana | (e) Imbona |
| (b) Isantwele | (f) Ithibeni |
| (c) uNtayiyana | (g) Inqabeni |
| (d) uBomela | (h) Unomphanjana |

2. Lezike zahlukene ngaphosheya ko Thukela, ngo6a luwada6ula phakathi ama6omvu:

- | | |
|-----------------|--------------------|
| (a) uPhakwe | (e) Inhlonga |
| (b) uPhisweni | (f) Umkhuphula |
| (c) eMatshemane | (g) Amanzimbhlophe |
| (d) Insingizi | (h) Amakhandeni |

3.

Imfula emikhulu

- | | | |
|--------------|--------------|---------------------|
| (1) Inadi | (3) uThukela | |
| (2) Impofana | (4) Ingu6evu | (5) uThame, uMbono. |

Imfudlana

- | | |
|------------------|--------------|
| (1) uNomswanyana | (4) uDolo |
| (2) Inte6eni | (5) Ibumeni |
| (3) Inhlungwane | (6) Iwoiwane |

Iziziba

- | | | |
|----------------|----------------|----------------|
| (a) uNomahhamu | (c) uSikhephu | (e) uNtshidi |
| (b) uMhloshana | (d) Inhlangano | (f) Emagengeni |

4/Izifunda.....

4.

Izifunda zaseMa6ovini

- | | |
|-----------------|-----------------|
| (1) uThame | (8) Inhlonga |
| (2) Ingu6evu | (9) A6aqulusi |
| (3) Iwolwane | (10) uPhakwe |
| (4) Inqa6eni | (11) uDolo |
| (5) uMbono | (12) Inqoleni |
| (6) uGxocanyawo | (13) Inzala |
| (7) Inhlungwane | (14) Umkhuphula |
| | (15) Uhatha |

(a) uGxocanyawo ngaphambili kukha 1921 wayeyisifunda sa6aThembu. Kwathi uku6a a6athembu 6alwe noMa6aso sesinikwa inkosi yaseMa6omvini uNyoniyezwe.

5.

(b) uPhakwe: Lesifunda sidume ngo6a kulapho impi yaMa6omvu yaphumela khona ngesikhathi esi6i sokuhlu6uka kuka Bambada inkosi yakwa Zondi ngo 1906. Futhi isona esaqala kuqala ukuvuma izwi lenkosi uSi6indi nxa ethi ayihlome. Inka6a yenkosi uSi6indi ikwa Phakwe.

(c) Inqoleni nakwa Dolo kulapho kulele khona azakhosi aseMa6omvini kusukela ku Matomela kuze kufike ku Nyoniyezwe ose Ngonyameni.

6.

Amasikho

(a) Lokhu sekufana nomthetho kulo lonke lase Ma6omvini, ukuthi inkosi uSomashi ihlonishwe, njengo6a nakwaZulu kuhlonishwa uMpande. Inhashi eMa6omvini kuthiwa yipele.

Uma umuntu ega6uke enza isiphosiso wathi yihhashi uhlawuliswa ngenkomo, nesikotshimani sephoyisa.

(b) Inkosi uNdlazanyoni uMawele kaSomashi: wenqa6ela wonke umuntu wase Ma6omvini uku6a athi komunye unobici. Oqa6uke esho uyahlawuliswa ngenkomo, ngo6a kufana nokuthi umuntu uyamethuka, kuhle uthi unongade kuphela.

7.

(c) Inkosi uMakhasane owa6e uMaawe ka Nyoniyezwe, wa6utha amadoda athile watshela ukuthi angaphindi agunde izilevu zawo. Lokhu inkosi yakwenza ngo6a i6a6one 6e6ahle, 6ezimazisa isizwe sayo.

/Uma.....

s571

K13/158

Uma umuntu eke wasigunda isilevu uyaliwa ngisho noma inkosi ingasekho nje.

(d) Uma intombi imithele ekhaya, ingakashadi, ngaphambi koku6a igcage isoka likhipha opondo a6a6ili noma inkosi enkosini yokuhlawula ngoba engcolise isizwe. Akwenziwa lutho oluthoko zisayo mhla imelwayo.

8.

Umzekeliso (Legend)

Itshe lika Mbenge. Kuthiwa kwakhona indoda eyayingu Mbenge ithunga izimbenge ihlaphezu kwetshe eliseduze nenta6a uNtayiyana. Kuthe ngelishye ilanga yafelwa ukhamba lwayo eyayiphatha ngalo amanzi nxa ithunga izimbenge. Yathukuthela yase imba itshe lelitshe likhulu ka6i impela kodwa lacandeka phakathi, yamba imbo6o eceleni lana izulu amanzi angena khona, lamazi nanamhlanje awakapheli asampompoza futhi a6ukeka emahle impela kulelitshe wenza umfanekiso wakhe ethunga izimbenge ehlezi asigqikini.


9.

Umumo wama6omvu.

SIEN 3.2^x

571

K13/158 9



10.

Immfula engena

(a) oThukela

- (1) uMbono (3) Ompofana
 (2) Inedi (4) UThame (5) Ingubevu

(b) uNomswanyana ungena eNhlabane inhlabane ingene eNgunyavu Ingubevu ingene oThukela.

(c) Integeni ingena eMzinyathi - Umzinyathi ungene oThukela.

11.

Abanumzane bezifunda.

Ngenxa yobuphithiphithi obukhona eMabomvini abanumzane abanumzane abaningi bakhishiwe ngokudingiswa kwenkosi uMayizekanye kaNyoniyezwe.

- (1) OThame - Umpompe Ngubane
 (2) Gxabanyawo uNgoda wakwa Phakathi.
 (3) Mbono Jim Sicaaba
 (4) Umkhuphula uMashehe wakwa Thobela.
 (5) Ngobevu uDayiswayo wakwa Ngubane
 (6) uPhakwe uMqhawe Ngubane Kwezinye izifunda kakukaqondakali kahle asebezinzole ubunomuzane.

12.

Ife nenkosana

Gekuthi nxa umnumzane eshona indodana yakhe yakwa Nkosikazi: umfazi wakhe phela aqala ngaye ukuganwa athabathe isikhundla sikayise ake umnumzane, kodwa uma esemncane ubeyaye akhuliswe abafowabo bakayise bamabamele ubunomuzane. Kuthi nxa inkosana isikhulile bese beyimisa emzini kayise wonke.

Ukumisa: Kwakhuthi uma inkosana imiswa kuGuthane wonke umuzi, bonke oyise nonina, nogogo kanye no khokho. Abeseyalwakhe njalo lapho yibobonke ukuba aze aziphathe kahle izintandane zikayise noma zakwabo, nayeke usezole evuma kancane nje ebeke

13. phansi baze baqede. Ekugcineni uma naye ewunkosana ohlakaniphile naye usezocela ukuphonsa amazwana ambala emzini wakwabo uphelele, oyise, noma oyisemkhulu sebezothula, bamnike ithuba. Kuthule kuthi cwaka sengathi kudlule inkosi, abese eqala ukukhuluma. Athi, "Nami ngithi bafowethu, godade, bobaba, bomame, nani bobabamkhulu,

/bokhulu.....

s571

6okhulu kanye nokhokho namadlozi akithi, ningeluleke kuzozonke izinto engizenzayo ukuthi ume nobaba awubeke umuzi wakhe mina ngiphathele yena.

Emva kwalenkulumo yenkosana sekuzosuka esinamathambo isililo secekumbula yena phela umnimumuzi ongasekho. 6ese

14. 6esikhuza njalo abesilisa, sithi singanqamuka, 6ese kukhuluma omdala phakathi komuzi. Abongele ababize bonke abangasekho uku6a babuye bazobeka lendodana esisebunzimeni 6okuthwala umuzi wonke kayise. Uma indodana isencane kuyayekwenziwe lokhu engwabeni likayise kushiwo bonke abantwana nobudala 6enkosana noma ingekho phakathi kwa6o.

Zonke ke izimpahla zikayise ezayo, ngaphandle kwalezo ashuya esezabile kuwo amakhosikazi akhe.

Zonke izikweletu namacala kayise kusikela mhla ethiwa uyena inkosa, akhokhe izikweletu noma uyise engamshiya nga nalutho kodwa uyokhokha noma engazi noma uyazi kwakafana. Noma

15. icala likayise engalazi wayebuzwa ngalo naye aziphendulele. Uma esemncane lowo ombambeke wayekhokho ngezakhe izimpahla kodwa ngaphambile koku6a akhokhe abize ibandla afakaze. Kuthi uma isikhulile inkosana azibize izimpahla zakhe, noma ithi iyaziphika inkosana izihlangula, amadoda abe wofakazi balokho, noma naye isikhipha ifakaze ebandla, khona liyoyiphendulele uma eseziphika izimpahla asezemukelile njenge nkokhelo yakhe.

Inkosana egotho: Lenkosana izothi nina isiqede iminyaka emi6ili ibambeke uyise ibisi6akhipha bonke abafowa6o nonina kanye nodadewa6o: Ukukhipha ukwa6a, ukwahlukani selana. I6ize

16. wonke umuzi kayisemkhulu, ihlabile futhi. Lokhuke kungemuva kokulungisa, sekudlulile sebehlezi nje.

Kuzothi kungachitheka bonke abantu kusale abasekhaya, abesebatshela ababizele khona. Azabeke xini zonke izinto zikayise ngisho nodade wa6o nonina ababele abafowa6o. Konke lokhu ukwenza nje 6ese 6eke 6akhuluma noyise abathile okuyi6oha ziphathimandla zalomuzi wakhe na6o bam6onse kahle izinto afane, le ukuza6a nangafanele ukuza6a okwezakhe naye njenge nkosana.

/Kwabwa.....

s571

Kwabíwa lezozipahla azishiya uyise engazabíle kuphela, lezo ezasezabíwe sezi ngabanga amacala uma ziphindwa zabíwa
17. kanti zase zabíwe umufi (uyise phela). Izinto ezazingabíwa imikhonto kanye namasimu kayise. Yileyondlu, ilima lawo masimu ebífade iwalima.

Izihlobo nazo zazithola okuningi njengezinkomo nemvunulo kayise abengakayisebenzisi. Esithenjini indodana kufuneka iqonde kahle zonke izinto ukuthi uyise uzishiye zimi kanjani ngaphambili kokuaba yabe impahla yakhe. Ngoaba phela iyinkosana, kodwa kukhona, ikhohlwa umuntwana wenkosikazi yesi6ili, bangeniswa kwa6o uNkosana abafazi kanye naba zekelwa lapha ya endlini yakwa Khohlwa.

Ikhohlwa nalo liyinkosi ngokwalo noma lingaphansi kwe nkosana, lizophuma nowalo nje umuzi isithumuthumu 6ese li6a
18. inkosana khona. Uma umnumzane enamadodana kuzo zonke izindlu zonke zinamakhosana ayokudla ifa lakwa6o. Uma inkosikazi enye ingenamfana unina angeniswa kwa Nkosikazi inkosana ingundlalifa kodwa uma umfazi lowo wangeniswa kwakhohlwa ikhohlwa yilona nkosana nondlalifa walo nkosikazi ongenabantwana. Kodwake uma umnumzane ethanda nokufa kungamzumanga wayeyaye ala6e kahle ifa lakwankosikazi ongenankosana njengokuthanda kwakhe, noma alinike noma yimuphi umntanake, amtshelo ukuthi uyena oyakugcina lonkosikazi ongena nkosana njengo6a nefa lakwakhe elinike yena.

19. Uma ikhohlwa noma inkosana ingakuthandi lokho isizokufa ebandla, ngokomthetho ibandla liyazi ukuthi amakhosana ma6ili kuphela: inkosana neKhohlwa kuphela. Ibandla selizomlahla umnumzane naye futhi asheshe azi6onele uma eswabululekile azilahle kuyo indodana yakhe ngoaba phela umthetho akusikho ukuthanda komuntu.

Impahlake isizo6uyiselwa lapho ifanele iye khona, uyise ayicole indodana yakhe leyo ephunyukwe yifa emlonyeni ngokuthi ayinike izinkomo ezithile noma ayinike lonke ilo6olo likadade wa6o.

Impahlakaxizise6uyiselwaxlapha

/Uma.....

s571

Uma inkosana ingekho umnumzane ulandela umzunga ululu wabafowabo abafanele ukudla ifa lakhe, intombazane yayingaze
 20. ingalidla ifa ngokomthetho wakwaZulu. Noma kungasaqondakali kahle kwakuye kufunisiswe noma kungaseyena aze atholakale oyodla ifa ngo6a phela uma uwundlalifa ufanele uzobangwaba labantu uma befa waziwe yinduna nenkosi yesizwe lesa ukuthi uwena ndlalifa namacala nezikwe letu zize kuwe.

Umuntu o6eke umfelokazi angaze akhululwe ukukhula kwe nkosana, ngo6a phela usuke ekhethwe oyise uku6a eluse umuzi womfowabo ize ikhule ingane.

Yena ke ufanele azalele umfowabo abantwana abondle, kuzozonke izingane azizalayo uyothola inkomo yokumthokozisa naye ngomthwalo ayewuthwele kuzalwa labo6antwana. Uma kufumaniseka
 21. ukuthi u6echitha izimpahla ezidlela nje inkosana inelungelo loku mkhokhisa lezompahla.

Noma inkosana isencane yena akanawo amandla okwenza izinto ezinkulu njengokuhlaba inkomo nokususa umuzi. Ngo6a uma umfelokazi e6ona lokho kungalungile kuyolimaza umntanakhe usenokwala amangalele futhi uma ethanda yena.

Inkosana i6ize i6e umnumzane uma isiganiwe noma isiqede amashumi amathathu eminyaka yobudala. Uma kufa inkosikazi indodana kanye nodade wabo badla ifa likanina, kodwa indodakazi yabakwa umnewabo yona noma uyise uma engakaganwa umfazi omusha.

22. Amasimu wona athathwa yinkosana ingawaba nje yona uma ithanda kodwa wona awayo ngokomthetho, noma indoda ithanda ukuwanika enye inkosikazi ya ingeke yayinika ngaphandle koku6a ivumelane nendodana yayo eyinkosana.

Uma indoda ingase iwanike inkosikazi enye ngaphandle kwendodana yayo indodana isenelungelo lokuwathatha ngokomthetho.

Ifa noma elaluphi uhlo6o kusuka kudala alihlali futhi ngokwabadala lidla impilo yalowo oyindlalifa ngo6a phela nokhu bonke abantu bayalithanda kodwa noma benganalungelo lokulidla, futhi liyashesha ukunyamalala.

23. Ukuzingela (Inqina): Izilwane eziningi za6e ziyizi nyamazane ■ zizingelwa, kodwa ezinye zingazingelwa.

Isambane: sasingazingelwa ngo6a kuthiwa ukusi6ulula ku6anga izikhu6ekise kumuntu osi6ulele.

UBosho6ane wayengazingelwa ngo6a kuthiwa, uyisinyama uma ethuke ephufumula ngemva uthi uyam6ulala. Futhi unosizo loku6ulala izinyoka eziningi ngo6uqili 6akhe ana6o.

Imfene yayingazingelwa ngo6a kuthiwa iyihhashi la6athakathi uma uli6ulala nawe uzokufa, u6ulawe umnikaziyo.

Isinkwe sasingazingelwa ngo6a uma usi6ulele siku lethela u6uthongo, ngakhoke umuntu kudingeke a6ize inyanga izomelapha

24. isuse nesinyama asenaso, ngo6a phela suyisisila.

Lezike zazizingelwa:

Imba6ala ngo6a isikhumba sayo sinosizo olukhulu lokwenza izicwayo zomakoti (a6alokazana phela) kanye nenyama yayo.

Insimango: Lenyamazane yona yayidingeka kakhulu ngo6a, iwumuthi wokwelapha a6angezwa emadle6eni ngamafutha ayo, isikhumba sayo sisiza ngoku6a kuthi lapho kukhona umuntu owezelayo ashunqiselwe ngaso, angcindizwe nangensizi yaso.

Insimba yayizingelwa ukuze kutholakale imvunulo enhle, izinjo6o, imiqhele nezinene ezinhle.

25. Ingwe: Isilo sa6e sizingelelwa uku6a kutholakale ingu6o ■ yamakhosi, kanye nayo yonke imvunulo yamakhosi, ukuxa kuthi nxa sekugujwa inkosi i6onakale naphakathi kwa6o.

Ukuzingelwa kwensimango

Kwahluke kakhulu kwezinye izinyamazane. Umuntu uma x eyozingela insimango wayeyaye alale izinsuku ezimbili phandle edlela khona angangeni nasendlini umlilo angawothi. Ageze ngo6ulongwe 6enkomo o6udala zonke izinsuku ekuseni emini nantambana.

Umkhonto wakhe ayezingela ngawo isijula, agco6e insoyi ne6omvu e6usweni nazithweni a6ukeke nje ngomuntu wesifazane.

26. Apatha izinkwa zombila omusha, ngo6a phela insimango ayizingelwa e6usika.

/Uma.....

s571

Uma esekwenzile konke lokhu kwakubalula ukuaba ayijube
 bukhoma insimango umzingele, ngoaba phela nangu akasanuki ubuntu
 usenuka ubundle.

Ukuzingela: Wonke umuntu osenamandla wayengena enqineni eyayime-
 nywa yinkosi yesizwe sayo, kanti zazikhona izinqina zezifunda
 zaba numzane.

Uma umuntu eqabuke ebulala inyamazane ngesikhathi zivaliwe
 yinkosi wayedliwa noma abulawe ngokwedelela inkosi kanye nesizwe
 sonke sayo.

27. Inqina yenkosi yabe ihlolisiswa kakhulu yizinyanga ukuthi
 izohamba kanjani bonke abazingeli badlule kuzo izinyanga zibabone.

Kwabe kudingeka ukuaba ummfana aqade amashumi amathathu
 eminya anduba abe umzingeli naye enqineni yenkosi. Ngoaba uma
 esemncane izinyamazane ezinolaka zingakhwela phezu kwakhe
 zidlule, ngakhoke kudingeka umuntu osengakwazi ukuthiya ingwe
 uma isithukuthele angaqhaqhazele.

- Inqina yesizwe yayenzelwa ukuthokozisa inkosi, nemvunulo yayo
 kanye nababonke basendlumkhu, nenyama yezinyamazane, ibabekwa
 28. phambili uma kuxoxwa.

Bekuthi uma isingene kwagcwigcwigi, esitokotokweni,
 ezwakale osophondweni esesho esethi "Ngoqo, Uthungulu, Isinyani
 kuweke, bese bevuma abasesifubeni ngokuthi buzi! buzi! Nxa
 sebesho konke lokhu inyamazane ingabe isazi nokuthi izokwenze
 njani ngakhoke isizoziphensa nja phakathi kwabo, sebeyihlaba
 kahle nje bekhuza uNdi.

- Inqina yesiwe kwesinye isikhathi libithatha inyanga noma
 izinyanga ezimbili, bayabuya abantu ababekuyo, sebemka
 29. izinyamazane ngoaba phela ezinye izinyamazane zinuka itshe:
 njengembila.

Inkosike isizobabela izinyamazane abazohamba nazo baye
 emakhaya abonazo, kodwa eningi isale ngakuyo inkosi ngoaba phela
 inqina eyayo nayo futhi kade ikhona izingela.

Uma kubulewe, ibubesi ingululele, ingwe, indlovu ingwenya,
 konke lokhu kuzothathwa yizinyanga zenkosi zenze imithi noma

/imvunulo.....

s571

imvunulo yayo.

Ingqungqulu yayingabulawa ngo6a yinyoni yesizwe esigadile nanxa impi izokulwa iyona etshela isizwe ngokulwa kwayo neyesinye isizwe eyehluliwe nesizwe sayo sizokwehlulwa futhi.

30. Uma umuntu elinyazwa isilwane enqineni efa wayeyaye alahlwe khona lapho, sebezobika nje abaku6o ukuthi usale enqinene.

Emuva kwalenqina inkosi isizokwenza umkhosi omkhulu ihla6e izinkomo eziningi. Isivunule ngemvunulo entsha yodwa. Amaphisi ayenikwa iziqu yinkosi ngo6uqhawe 6awo aziwe futhi ukuthi ahla6ene kangaka, na6o se6efundisa abanye amasu okugwaza izinyamazane namagama ezinyamazane kanye nezaga zokuzingela.

Uma inqina isimenyezewelwe amadoda ayengavunyelwe uku6a ahlangane namakhosikazi awo nomo nezinsizwa nezintombi zazo.

31. Nxa isiphumile inqina amakhosikazi aye ngenzi lutho olungase lukhu6ekise amadoda awo enqineni athole izingozi, njenga lokhu: Isansi lendoda 6elihlala limisiwe ngasemnyango ngasendaweni yendoda nomkhonto wayo inhlendla ibekiswe ofindo.

Isikhathi sokuzingela kwaku Maqu6a e6usika 6onke abantu se6evunile 6onke, kodwa isikhotha siseside kakhulu izinja zingaka6onakali nomuntu e6onakala ngekhandu kuphela.


Ukuzingela 6ekufana nomdlalo nje wokuthokozisa inyama, inyama yayenziwa umqwe6u ilidliwa kancane ize iphele ngesikhathi eside.

32. Ukuma kengina

SIFM 10.2*

I izinja

! abantu abenza izimpondo zenqina



1 izinja
 abantu abenza izimpo
 do zengina
 Isiginti esine Nkosi ukuzo
 ingakheski ithole ukulima
 yona ibaseceleni isifutsho
 sige nezinziqwa iziqinile
 ezikwaziyo ukubamba
 isi jula.

Isiqinti esinenkosi ukuze ingasheshi ithole ukulima yona i6aseceleni isifu6a size nezinsizwa eziqinile ezikwaziyo uku6amba isijula.

33. Ukucupha izinyamazane: kwakukhona a6acuphi 6ezinyamazane na6ezinyoni, nokucupha kwa6okwa hlukene kakhulu impela. Uku-cupha izinyamazane: 6ekwenziwa uphico ngendlovane 6ese kwenziwa umnyango o6anzi ithi uma ingena inyamazane inyathelo ingciphho yethuke isizivalele, noma isihibe ithuke isizikhungile uyafika umcuphi useyi6ulala njalo.

A6acuphi 6a6engondlelani, lapho 6ecuphe khona, 6e6eya kanye kanye 6onke uma omunye engaphumeleli anxuse omunye ayomondlela. Athi uma efike kungasalungile alungise athathe nezi6anjiwe aye nazo ekhaya. Umcuphi usezombonga ngoku6a

34. amnike enye inyamazane noma amhlonlise ngesinye sezitho, noma umlenze, umkhono noma umhla6ulo.

Kwesinye isikhathi 6ekusingwa izinyosi, sekukhona nezinsingi amaphisi impela ezinyosi, azi6ona zikude nxa ziphumayo noma zingenayo. 6ekuthi ekuseni noma ntambama kusekhona ithunzi, zilandele ithunzi izinsingi, ziyi6one inyosi yehla phezulu ishwibe6a noma iphuma imaphiko mhlophe, uzizwe sezisho zithi "zawa laphaya coyi mngani, isandla lapho sesihleli phezulu ethundwini a6asacwayizi. Sebethuma umfana, 6ehambe 6emtshela lapho ziwa khona aze afike khona. Insingi isizozwa ngomfana

35. esecho ethi "coyi zimakhethe." I6isiya khona isiyenza isi6o-nakaliso sokuthi lezinyosi sehlonziwe, nensingi efikayo isizo ziyeka ingazitaphi ngo6a phela kwakunga6a yicala uma ezitaphile kanti usezi6onile ukuthi sezihlonziwe nga6anye.

Uma ithanda insingi ezihlonzile izithaphe ngaso lesi sikhathi 6azithwale ngamaqa6unga awelukiwe omuthi othile odliwayo nonuka kahle futhi, ukuze zithandekwe ku6antu noju lugcineke kahle lungaba6i.

36. A6angakwazi ukusinga 6ona 6abelandela inhlava, ngo6eke yona phela yona izo6athatha ize i6afake kuzona ezinoju. Naye uzohambe eyi6onga Zisho sho nhlava edla ezinye Msindisi nomhlenge wa6a ndindayo, 6eyimihambima yonki nta6a.

/Ngaphambili.....

Ngaphambili koku6a zitashwe izinyosi kudingeka ugwayi, uphondo kanye nezidwedwe kushiswe eduze nembo6o lapho ziphuma khona, intuthu ishunqele phakathi ukuze kuthi uma kukhona inyoka phakathi iphume zinga katashwa ngo6a phela iyingozi uma iphakathi umuntu ezintapha angalimala.

Ayikho into elukhuni nje ngokufundisa umuntu ukuzinga, ehlukhanise izinyosi ezimpukaneni nasezilwaneni eziningi ezincane ezikhona ehlathini.

37. Umgwamanda wesizwe na6aNumzane.

Inkosi y6hlanga ayinawo amandla okwenza izinto eziphambene namasiko esizwe, ngaphandle koku6a iqoqe umgwamanda wesizwe ku6e yi6ona oyivumelayo inkosi ukuthi nempela lelo siko selifanele liyekwe, njengo6a noShaka aqeda ukusoka kwaZulu.

Ngokomthetho inkosi ngaphambili koku6a yenze noma yini kwakudingeka i6uthe i6andla laseNdlunkulu eliyelule kayo noma yenzani. Noma i6ize a6aNumzane noma isizwe sonke i6uze kuso ukuthi ifanele yenzenjani. Njengo6a nenkosi uCetshwayo ya6iza i6andla lomdlunkulu ngenda6a ka Mehlokazulu owayefunwa uHulumeni waseSilungweni, lehluleka. Wayese6iza uMgwamanda wa6aNumzane

38. wehluleka, kwaze kwathi ekugcineni wa6iza isizwe sonke uku6a simtshale ukuthi sona sithini. Yisonake esamnika isinqumo esahlulekile yena ngokwakhe.

Uma inkosi iqa6uke iphoqeka ukwenza into ethile isizobutha isizwe sonke isi6ikele ngesikwenzile nesizwe sizo kusho esikushoyo, ngo6a phela inkosi inalo ilungelo elincane lakuthi i6ize undunankulu 6ahlanganise naye, 6ese 6eyenza ke into a6afuna ukuyenza noma isizwe nomgwamanda wase Ndlunkulu ungazi.

39. Ukwedelela inkosi kwaku6a ukufa kulowo.okwenzile, e6ulawa yizinsizwa, noma anikwe i6utho elithile limbulale ngaso leso sikhathi. Lokhu phela udelele izulu eliphezulu, elimele amadlozi esizwe kanye Nomvelinqangi. Kwesinye isikhathi inkosi imudle izinkomo ezithile zokumjezisa ngesenzo sakhe esi6i phakathi komb6iso. A6eluleki 6enkosi kwaku6a yizimpandla amakhehla kanye na6o 6onke okade e6ona. Izihlo6o, na6anumzane, 6ezifunda kanye

/ne6andla.....

s571

nebandla laseNdlunkulu. Bonke laba beba uHulumeni inkosi yona
ibe semqoka wazo zonke izindaaba zesizwe.

uNdunankulu yena wayemela inkosi kuzozonke izindaaba zayo
nalapho ingena kufinyelela kusuke yena ayoyimela, noma ingekho
ekhaya kufika amacala awathethe awanqume futhi njengayo inkosi.

40. Uma inkosi idunguzela yena futhi uNdunankulu wayenza wonke
umsebenzi wenkosi.

Abanumzane bezifunda bona bathethe amacala amancane,
amakhulu eze enkosini. Uma umnumzane icala limehlula wayeyaye
alidlulisele enkosini lapho ke seliya kwagcina lishone lapho,
sekophuma umntakabani ozaziyo naye futhi.

Uma ununtu engeneliswa yisinqumo somnumzane wayeyaye
alidlulise icala lakhe liye enkosini. Kodwa lidlula ngompahla
yakhe (imali phela ~~yaxa~~ yokumangala enkosini njengoba namhlanje
lidlula liye enkosi ngashumi nesihlanu, ukuze lamukeleke.

41. Ibandla laseNdlunkulu lona lalilungisa zonke izindaaba
zesizwe, lizilungise, limfamfanye amacala asuke enzima kakhulu
impela nenkosi ebonayo ukuthi ingeke iwanqume ngaphandle kwalo.
Belinamandla kuzozonke izinto inkosi ethi ithanda ukuzenza
noma zizimbi noma zizinhle njengalokhu. uShaka wabona intaba
enhle ngaso Givana waye seyithanda ukuaba ibe yisihlalo sakhe
sobukhosi azobuka kahle ngayo amagutho akhe. Ekugcineni eyedwa
wazimisela ukuaba lentaba imbiwe ithwalwe kodwa lelibandla
loMdlunkulu nezinduna zala. Zakhombisa ukuaba khona kwazo
phakathi kwesizwe. Ibandla lasendlunkulu lalibakhona kuwo wonke
42. amakhosi. Abanye babekhethwa ukuaba babe amalungu alelibandla
ngoba bengamaqhawe abanye ngoaba bengabokuzalwa endlunkulu, abanye
babekhombisa ulwazi lwaabo olukhulu ezindaabeni zesizwe. Bonake
Gawumlomo wesizwe asebekushilo makwenziwe.

Isithunzi sabo sasiaba sikhulu kakhulu impela uma befuyile
bengeswele lutho izimpa kungezabo njengezifiso zabo, inyama
ingaphumi omzini yabo, kuzothi nokuhlakanipha kanye nabalandeli
babo babakhonze njalo ngoba befuyile nabo bathola ama juphe uma
ziwile phela.

43. Kwakuba khona isikhathi lapho kungavunyelwe umuntu ongesilo ilungu angene emhlanganweni walelibandla, kukhona nesikhathi lapho bevunyelwe khona phela nabo abanye bezothola ukuhlakanipha, bafunde emakhehleni anolwazi lwezinto njengoba nesigasakwa Zulu sisho sithi "Indlela ibuzwa kwabaphambili, kanti futhi ayihlabi ngakumisa, ngoba phela nengwe idla ngamaqala.

Ukuba kuke kubekhona sikhathi sokungangeni yingoba kukhona ezinye izindaqa eziyimfihlakalo yesizwe, ezidinga ukuba zaziwe amalungu kuphela njengokuhlasela esinye isizwe senkosi.

44. Umhlangano ububizwa uNdunankulu noma inkosi kodwa sebeke bahlangana baxoxa ngabubizela ibandla, nebandla licelwe ukuba nalo lize nemcabango yalo zokusiza isizwe, kanye nezilimaza isizwe.

Amalungu ebandla ayethunyelwa izithunywa ziyowazisa ngelanga lomhlangano, bonke kudingeka ukuba bonke bathole izithunywa ezivela enkosini noma ku Ndunankulu wesizwe oqize umhlangano. Bonke kudingeka babekhona ongazuphumelela abike ukuthi ubanjwe yini. Uma engabikile uzodliwa inkomo, kodwa ngaphambili kokuqa adliwe naye uzoziphendulela kulo ibandla limzwele uma lithanda

45. noma izizathu zakhe zibonakala ziqinile eqembwini elikhulu lomhlangano. Naye ke usezobonga abakubo abaphansi abamkhiphe emlonyeni wezingonyama.

Umhlangano wawuba khona njem noma inkosi ingekho ngoba phela undunankulu uwumlomo wayo uzoyitshela konke okukade kuxoxwa. Ubungahlangani umhlangano uma amalungu awo amaningi engekho futhi enezizathu zawo zokunga bibikho, kodwa uma engenazo umhlanga ubuhlangana ungaxoxi lutho kuphela ukuba ubabeke icala lokungebi-

46. bidkho emhlanganweni, ngaso lesi sikhathi sekuzothunyelwa izithunywa ziyobabiza, zibatshela ilanga umhlangano obafuna ngalo, into yokuqala ngalelo langa ukuba bahlawuliswem ngaphambili kokuqa, kungenwe kwezezwe phela izindaqa.

Nazi izihloko zezindaqa ezazixoxwa emhlanganweni:

- (a) Ukuhlasela esinye isizwe kanye nokuthumba izinkomo
- (b) Ukunquma amacala anzima kakhulu.
- (c) Ukushintsha nokwenza amasikho esizwe, ngoba phela amanye /abuye.....

s571

47. abuye adinge nkushintshwa, amanye kudingeka enziwe, njengo6a noShaka wenza isiko lokukhehla isicoco emakhehleni asefanele.

I6andla leli lalihlanganela kwaNkosi endlini engemuva kwesigodlo esimhlophe njengo6a phela zazi6a zi6ili izigodlo. Uma inkosi ingekho belihlanganela kwandunankulu endlini yayo okwakuthiwa kusemsitha, lapho kungangeni umuntu wesifazane kugcina nga6esilisa kuphela nokusinda, kusinda intombazane engakathombi noma umfana ongakathombi kuphela.

48. Nxa uqalayo umhlangano kwakuye kukhulume indoda endala kuna6o 6onke, ikhombise i6udala 6ayo, nolwazi lwayc phakathi kwesizwe selokhu ya6akhona yona.

I6akhombise konke uku6uka kwayo izinto zenziwa emakhosini angasekho, nokuhlahlululu izinkinga ezazi6a khona ngalezo zikhathi.

Uma i6andla lingavumelani n nenkosi inda6a yayi qhutshelwa esizweni sonke iqhutshwa yinkosi phela. Isizwe sona sesizokukholo kho esiku6ona kulungile nxa inkosi isichazile kahle noma kuchazo uNdunankulu wesizwe.

49. Uma ilungu linomsebenzi nomqondo otuswayo lalixoshiswa ngezinkomo yinkosi ngo6a phela lisizwe yona inkosi uku6a i6use kahle ngokuthula nango 6uciko o6ukhulu, ithole nesithunzi soku6a ihlonishwe a6antu 6ayo kanye nezinye izizwe namakhosi.

Intombi yelungu lomhlangano yayilotsholwa ngezinkomo eziyishumi nesithupha, 6emcola inhliziyo phela, ngomsebenzi wakhe.

Leli6andla lalisiza naseku6ikeni izinda6a ezithile enkosini nokwa6a izwe 6onke a6antu 6a6e nawo amasimu okulima kanye nedlelo lezimpahla.

50. Uzwano phakathi kwezizwe.

6eku6a khona ukuzwana koku6a esinye isizwe sikwazi ukusebenza kwesinye nga6antu 6aso 6aphatheke kahle futhi nasezingozini ezingahle zi6ekhona 6avikelwe kakhulu 6ona, ukuze u6uhlo6o 6uhlale 6uqinile njalo, a6antu 6akwazi ukuda6ula izizwe eziningi 6enga6ulawa, nezihambi ziphathwe kahle kakhulu.

Amadlelo 6ekwenzeka uku6a ahlangane nawe sinye isizwe

s571

K13/158

16*
+ 2
18*

kudlule kungabikho kuxabana phakathi kwezizwe lezo.

Kwesinye isikhathi inkosi ibivakashela enye baxoxe ngomumo wamazwe abo, benze nezivume ezithile zokuba basizane becebisana
51. nangezindlela zokubusa abantu babo ngendlela efaneleyo nethobekileyo ezobalethela udumo nabo phakathi komhlaba noma bengasekho.

benze nezivumelwano zokusizana uma omunye wabo ehlaselwa noma yena ehlasela esinye isizwe, ngezinto ezithile. Lokhuke kwakuba imfihlakalo enkulu eyaziwa yinkosi kanye nezinduna lezo ezethembekileyo.

Izotho nenkosi uma isifika ekhaya ibisixoxela uNdunankulu ngohambo lwayo nazo zonke izindaba, ngoba phela uNdunankulu yena usala abeke isizwe nxa inkosi isahambile. Sebezoxoshisana
52. ngezinkomo. Leyonkosi evakashelwe isizobutha isizwe sizogubela inkosi leyo evakashele izwe lakuho.

Nxa kugujwayo lenkosi evakashile isizobukela nje kodwa uma ithanda isizongena nayo igube nayo eduze kwenkosi yesizwe.

Ukuvakashelana kwamakhosi kwakwenza abantu bezwane nje ngabafowabo nodadewabo bebona amakhosi aba ethandana nawo nje- ngoba nanamhlanje kusenjalo emakhosini avakashelanayo nawa thandanayo.

ENDS. 571